NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2018

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2018

ISIQEPHU A *UMSHADO* – NELISIWE ZULU

UMBUZO 1

1.1 Intombazane yomlungu ethandana noTholi, isigebengu somlungu, umngane kaTholi womlungu, isithandwa sikaTholi. Owesifazane womlungu "ozwana"/ ojola noTholi. Ulungu odayisa izidakamizwa, owesifazane osebenzisana noTholi.

1.2 Izidakamizwa. Insangu, umjovo, amaphilisi

1.3 Wayezolanda imali ebolekwe nguTholi yokukhipha uZenze ejele eyizinkulungwane ezintathu zamarandi/ izi- R3 000 (pg 37).

1.4 Ukuthi umbala wayo obomvu wawufana ncamashi nale okuthiwa eyezigebengu ezidlwengula, ziphinde zibulale abantu. Wawufana nale unina athe yafika ukuzolanda uLindiwe ngoba kuthiwa ithunyelwe nguBheki. (pg 30, 35)

1.5 Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-80**. **Kuzoya ngomfundi:**

Okufanayo:

- Bangabantu besilisa, bangothisha/bafundile bobabili, bafundisa esikoleni esisodwa.

Okuhlukile:

- **USifiso** umuntu wabantu, wazi abantu endaweni, kuningi akwaziyo ngezimpilo zabantu, ngomphakathi endaweni (pg 16). Lokhu sikubona nangombuzo wokuthi uBheki useyikhasimende yini. Okukhombisa ukuthi kukhona akwaziyo uSifiso ngoTholi noPamella.
  UBheki akazi bantu, nezindaba zendawo akazazi zonke uzizwa ngoSifiso.
- **USifiso** uhlakaniphile ngokwempilo ngoba ungungqondongqondo wasendaweni. Nguyena futhi uSifiso owayexwayisa uBheki ngobudlelwano bukaPamella, amanga kaTholi wokuthi usebenza efemini, ukudayiswa kwezidakamizwa.
  UBheki akahlakaniphile ngokwempilo. Okuningi ukuzwa ngabantu ngisho nonina imbala nguye owayemtshela ngokuthi uTholi ngumfelokazi, odayisa izidakamizwa. NoTholi umkhohlisa kalula uBheki.
- **USifiso** unozwelo nobungane beqiniso. Noma engavumelani noBheki ngokushadelwa nguTholi kodwa uyamsiza/uba yingxenye yomshado kaBheki.
  Kanti **uBheki** wayeseqala ukungamfuni uSifiso ngenxa yokungamthembi. UBheki wayecabanga ukuthi uSifiso uzifaka kakhulu ezindabeni zakhe, futhi unomona.
- **USifiso** wayehambisana futhi ehlonipha amasiko ngoba uyazama kaningi ukuxwayisa uBheki ngokuthandana kanye nokushadelwa ngumfelokazi engakayikhululi inzilo.
  Kanti **uBheki** akakholelwa emasikweni ngoba emva kokusha kwezimpahla zakhe ekhabetheni lezingubo, umama wakhe umtshele ukuthi ulaka lwabaphansi kuzomele bashise impepho bashweleze. UBheki wakhombisa ukungahambisani nalokho.
- **USifiso** angaba nomthelela omkhulu ngoba wazi abantu abaningi futhi

IEB Copyright © 2018

wazi zonke izindaba zasendaweni.
- **UBheki** angangifundisa ukuthanda ngokweqiniso/ ukuthi ngiqaphele othandweni/ ngilalele abadala.

Khetha ongaba ngumngane:
- **USifiso** ngoba ungumngane oqotho, ohluzekile ongahleze engixwayisa uma ngiphambuka empilweni ngingenzi kahle. Engikuthanda kakhulu ngaye ukuthi akagxwambukeli ezindabeni zothando zikaBheki kodwa uyamxwayisa ukuze azitholele ngokwakhe izinto.
  Ngeke ngikhethe **uBheki** uyisilima uTholi udlala ngaye kalula ngisho noma esebona uyahluleka ukubhekana noTholi. Akahloniphi futhi akalaleli abantu abadala njengomama wakhe nomalume wakhe.

  UBheki ngoba uyahlonipha ikakhulukazi ngoba ngisho noma uyise engasekho uyazama ngokusemandleni akhe ukufeza isifiso sikayise sokuthi aganwe.
  UBheki ngoba unothando lweqiniso, kwale ngisho umama, nomalume kanye nabanye abantu bemxwayisa ngokushada uTholi kodwa yena ulandele inhliziyo yakhe.

Ulimi nohlelo

Inani lamagama nokulibhala

IEB Copyright © 2018

UMBUZO 2

2.1 Kule noveli ***UMSHADO*, uTholi** uvezwe njengomlingiswa **onobugebengu, nenkohlakalo**.

Bhekisa kuloku:

- **Ubugebengu nenkohlakalo**
  - Inkohlakalo ukuthi uTholi ungumfelokazi ogqoka inzilo yesimanjemanje, omelwe ukungenwa ngumfowabo kamyeni kodwa ukhetha ukuqoma nokuthandana noBheki ngisho engakayikhumuli nenzilo. Ukhombisa ukungazihloniphi nokungahloniphi isiko.
  - Washeshe wahambisana nombono kaBheki ukuthi basheshe bashade ngisho noma wayekwazi kahle kamhlophe ukuthi akavunyelwe ukushada ngokwesiko abasemzini bengazi futhi bengavumelananga.
  - Uthandana noPamella owesifazane ongumlungu bancelane amabele, ebe esathandana noBheki.
  - BenoPamella badayisa izidakamizwa baphinde futhi bazidle. Lokhu kufakazelwa ukuthi batholakala bebala imali eningi ekamelweni likaTholi kanti baningi abantu ababengqongqoza ngenkathi uBheki evakashele uTholi kucaca ukuthi kukhona ababekufuna. Kungenzeka ukuthi le mali ababeyibala yiyo eyomgunyathi.
  - UTholi unontshumentshu/ummese endlini yize wathi kuBheki okaZenze kodwa kusikhombisa ukuthi uyisigebengu. Ababaningi abantu besifazane abagcina intshumentshu endlini yabo.
  - UTholi waboleka imali eyizinkulungwane zamarandi ezintathu yokukhipha uZenze ejele wangasibona nesidingo sokuchazela uBheki ukuthi uZenze uboshelweni nanokuthi imali uzoyikhokha nini.
  - Wakwazi ukukhohlisa uBheki kalula ngokuthi abakhongi bazolobolela emjondolo wakhe, hhayi kubo futhi abakubo bazobe bengekho.
  - Emva kwelobolo waphinde waqola uBheki enye imali ethumela uZenze ukuthi umndeni uthe imali ayenele. Kodwa ngosuku lomshado uyise wayebuza ukuthi ngubani othathe ilobolo.
  - UTholi waye yenga uBheki ngokushintsha agqoke izingubo ezikhanyayo, aphinde amthengele amashethi okugqoka.

- **Izizathu zokwenza ubugebengu**
  - ENovelini kuyacaca ukuthi wayengafundile futhi engaziwa ukuthi usebenzaphi ngakho-ke kungenzeka ukuthi ubezama ukuziphilisa ngokudayisa izidakamizwa.
  - Mayelana nokushada noBheki engakayikhumuli inzilo, mhlawumbe kwakuyindlela yokuthola impilo engcono ezomkhipha emijondolo, noma kwakuyindlela yokubalekela uBhatomu ezinika ithemba lokuthi uBhatomu uzokhathala, amyeke uma esezwa ukuthi useshadile futhi.
  - UTholi wayenentshumentshu ukuze azozivikela kuBhatomu nakwabanye abantu besilisa kwazise impilo kule mijondolo yayingaphephile ikakhulukazi njengoba edayisa izidakamizwa.
  - Kunokwenzeka ukuthi uTholi wayengamthandi uBheki kodwa ngoba ufundile unguthisha, wayefuna ukumsebenzisa ekutholeni imali nokudlondlobalisa ibhizinisi lakhe lokudayisa izidakamizwa.

- **Isiphetho senoveli**
  – Le ndaba iphetha ngosuku lomshado phakathi kukaBheki noTholi. Emva kokuthi kube ngumzukuzuku ukuthola umfundisi ngenxa yokuthi uTholi akasonti, omunye wabefundisi wagcina evumile ukubashadisa ngoba ezwela uBheki. Ngosuku lomshado kwakugcwele umphakathi, abangane, umalume naye wagcina efikile. NoLindiwe kanye nengane babekhona. UBheki wayeshaywa uvalo lokuthi uLindiwe noma uBhatomu bangase bawumise lo mshado. Ubaba kaTholi wayevutha-bhe efuna imali yelobolo.
  – UTholi uyaphuza ukufika njengomakoti, uBheki useqala ukukhathazeka. Ekugcineni uTholi wafika benoPamella. Kuthe ngenkathi umfundisi esaqhubeka nokubashadisa kwangena amaphoyisa abopha uTholi kanye nomngane wakhe uPamella ngenxa yamacala obugebengu. UBheki wasala emangele kanye nomphakathi owawuthamele umshado. ULindiwe wakhombisa ukweseka uBheki, wacela ukuthi bahambe baye ekhaya nemoto isikhona ibalindile. (79–81)

- **Okuthandile**
  – Engikuthandile ngalesi siphetho ukuthi uTholi kanye nabangane bakhe abayizigebengu baboshwa ngaphambi kokuthi uTholi abengunkosikazi osemthethweni kaBheki. Noma uBheki waphoxeka emphakathini ngosuku lwakhe lomshado, kwamoshakala nezindleko zomshado kodwa ngeke kufane nezinkinga abengase abhekane nazo emva kokushadelwa nguTholi.
  – Engikuthandile ukuthi uLindiwe akhombise uthando lweqiniso abe ngowokuqala ukusiza uBheki ngenkathi iningi lisakhungathekile, mhlawumbe abanye babesizakele, bemhleka uBheki.
  – Iqiniso lisheshe lihpume bengakashadi.
  – Emshadweni ubuaba kaTholi wabuza ngelobola okungubufakazi bokuthi uTholi walotsholelwa emjodolo wakhe.

- Kule noveli ***UMSHADO*** **kunezifundo** eziningi ezitholakalayo.
  – Isifundo ukuthi ubugebengu abukhokheli. Ekugcineni oTholi, noPamella kanye noZenze baboshwa, beboshelwa ukudayisa izidakamizwa nemali yomgunyathi.
  – Ukuthi ukudlala ngabanye abantu othandweni akukuhle. UTholi wayehlale ehlakaniphela uBheki futhi wayecabanga ukuthi kuzogcina yena kodwa kwagcina ingalo yomthetho. Cishe uBheki ngeke aphinde akwazi ukumxolela uma esebuye ejele.
  – Okunye ukuthi empilweni okuhle kugcina kuphumelele kunokubi. UTholi wagcina eboshiwe ngenxa yokudayisa izidakamizwa, kwathi uBheki wasala noLindiwe ozoba ngumama wengane yakhe futhi obezwelana noBheki.
  – Ukuba nguthathekile nokuthanda izinto akubuyiseli. UTholi wayedayisa izidakamizwa ukuze azoba nemali aphile kamnandi, kodwa konke lokho kwaphetha ngokuthi agcine eseboshiwe.

Ulimi nohlelo

Inani lamagama nokulibhala

UMBUZO 3

Bhala **ingxoxo** ezoba ngamagama **ayi-130 kuya kwayi-150**.

Kuzoya ngempendulo yomfundi:

- UTholi angakhombisa ukuzisola axolise, aveze okuhle ngothando lwabo benoBheki. Angaveza izifiso zakhe ezinhle ngekusasa likaBheki kanye nempilo yakhe. Angazama ukubuyelana noBheki, **asho nokuthi useshintshile, ijele limkhulisile, ufuna ukuqala kabusha, uyawavuma amaphutha akhe**.
- UTholi angakhombisa ukungazisoli/adelele aveze ukuthi wayengakaze amthande, wayemsebenzisa ukuze afeze izinhloso zakhe zobuqili, nanokuthi uyisiphukuphuku sendoda, kanti **wayengaboni yini ukuthi kudlalwa ngaye**.
- uBheki angakhombisa intukuthelo, afune izimpendulo ngomsebenzi kaTholi, ubudlelwano bukaTholi noPamella, ukugula okwamlalisa esibhedlela kanye nokufika kwamaphoyisa khona, wayishonisaphi imali yelobolo, kungani wayengafuni ukubiza abakubo, imoto ebomvu eyayishayelwa nguPamella yiyo yini ababeyisebenzisa ukwenza ubugebengu. Wacishe wambulalisa ngoBhatomu nabahlobo bakhe. Umbukanise nezwe waba yinhlekisa emphakathini nasesikoleni, njll.
- UBheki angakhombisa injabulo yokubona uTholi kwazise uthando lukaTholi luyamehlula. Angakhombisa ukuzwelana noTholi ngokwenzekile kanye nokuya ejele. Angazama ukuncenga uTholi ukuthi babuyelane ngoba **usamthanda futhi akakaze akhohlwe nguye** inqobo uma ezimisele ngokushintsha ashiye ubugebengu nenkohlakalo.
- UBheki angafaka ubudlelwano bakhe noLindiwe engcupheni ngenxa yokuthanda uTholi kakhulu.

Ingqikithi (okusendabeni = 4 / okwakho / imizwa = 2)

Isakhiwo (isingeniso sengxoxo – ½, u … – ½, ukweqa imigqa – ½, *block format* – ½)

Ulimi nohlelo (izivumelwano – ½ isipelingi – ½)

Inani lamagama nokulibhala

IEB Copyright © 2018

UMBUZO 4

Bhala **i-eseyi** ezoba ngamagama **ayi-180 kuya kwangama-200.** I-eseyi yakho mayihlukaniseke **ngezigaba**.

Isingeniso

- Umfundi angasho ukuthi uyavumelana nesitatimende ngenxa yokuthi kukhona abantu abazimisela ukwenza noma yini ngenxa yothando. Kuba nzima ukuvusa noma ukuzama ukuvula amehlo omuntu osothandweni uma kunezinkinga. Angagcine esezonda wena, njengoBheki wayeseqala ukungamthandisisi kahle umngane wakhe uSifiso.
- Abanye abantu basebenzisa ngisho imithi yesintu ukugcina uthando njengomama kaBheki wayesola ukuthi kungenzeka uTholi wenza lowo mkhuba, abanye basebenzisa izidakamizwa ukuheha othandiweyo. Abanye bangasola ukuthi uTholi wayefaka izidakamizwa esiphuzweni sikaBheki yingakho uBheki wayevesane athambe ngisho noma efike ethukuthele kwaTholi.
- Abanye baze bancamele ukulahlekelwa yikho konke njengomndeni, umsebenzi, imali, impilo egameni lothando. Abanye baze bafise ngisho ukuzibulala abanye baze bafunge ukuthi bangabulala egameni lothando. Njengasenovelini sithola umlingiswa uBhekani enza izinto ezingaqondakali njengokuthumela abakhongi, umalume noma ilunga lomndeni lingekho. Ukungalaleli iziyalelo zikanina mayelana nokuziphatha kukaTholi ngenxa yokuba sothandweni.
- Ngenxa yothando nephupho likayise lokuthi asheshe anganwe, kuningi okwakuvale uBheki amehlo ngoba efisa ukufeza isifiso sikayise.

Ingqikithi

Chaza izenzo zakhe enovelini **ezihambisana nesitatimende**.

Uma esehlangane noTholi

- Kuzo zonke izexwayiso ayezithola ikakhulukazi kuSifiso umngane wakhe nonina njengokuthi uTholi ungumfelokazi, udayisa izidakamizwa, uthandana nomngane wakhe womlungu uPamella, uyisigebengu, uBheki wayelokhu ezikhohlisa ngokuthi konke lokhu uzokulungisa uma sebeshadile.
- Njalo uBheki wayehamba emafulufulu elibangise emjondolo kaTholi ukuze athole amaqiniso ngazo zonke lezi zinsolo. Uma efika khona uthando lukaTholi, ubuhle bukaTholi, inkanuko, ukukhula ngokomqondo nangokwempilo kukaTholi kwakwenza uBheki ahluleke ukuthola izimpendulo zakho konke agcine esehlele ngezansi.
- Uma uTholi esemnikeze isiphuzo, wafaka izingubo ezimfishane ezikhanyayo eziveza umzimba, waqabula uBheki, washo amazwi amnandi njengokuthi ubesemkhumbule, ufisa balale kuze kuse, akasakwazi ukulinda ukuthi abengumakoti kaBheki, uBheki wayevesane ahluleke ukuphoqa uTholi ukuthi amnike izimpendulo/akhulume iqiniso.
- Ngenxa yothando noma inkanuko uTholi wayesehleze esengqondweni kaBheki ngisho nasemsebenzini, uBheki wayengasenzi kahle futhi wayehleze ekhathele, elala esikhathini esiningi.

- Ngolunye usuku emva kokuxwayiswa nguSifiso, uBheki elunguza ngefasitela lasemjondolo kaTholi, wabona uTholi benoPamella bephethe umjovo, bekhumula, begezana baze bancelana amabele (24). Lokhu uBheki akuzange kumphathe kahle ngoba kwakuyihlazo waze wanquma ukuthi uma sebeshadile uTholi kuyomele ayeke yonke imikhuba yakhe emibi uma esengumakoti wakhe. Wahluleka ukuqonda uTholi ngalolu daba.
- Noma ethola uTholi benoPamella bebala imali eningi wahluleka ukuthola iqiniso eliphelele ngale mali kwazise uTholi wayengasebenzi kodwa wathi imali yakhe noPamella, uyomchazela ngayo ngelinye ilanga. (pg 50–51)
- Ngelinye ilanga wafika kunamashalofu ekhabethe akhiyiwe wathi uTholi akasawazi ukhiye ukuthi ukuphi. (pg 78)
- UTholi wake wangena nenqwaba yezinto endlini yokugezela wahlala isikhathi eside, uBheki wasola kodwa wahluleka ukuthola izimpendulo.
- Waphinde wathola amaphilisi emjondolo kaTholi, uma ewabukisisa uTholi wathi amaphilisi amantombazane, akuzona izidakamizwa (pg 59).
- Ngezinye izinsuku uTholi wayebuye enze izinto ezimxakayo abone ukuthi akuyena uTholi amjwayele, kodwa wayehluleka ukuthola amaqiniso.
- Kwakufika abantu besilisa bathi bazofuna uPamella bengqongqoze belandelana kumsolise uBheki kodwa ehluleke ukuthola izimpendulo ezigculisayo. (pg 59)
- Wavumela uTholi ukuthi kulungile uzomlobolela emjondolo. UTholi wasebenzisa abangani bakhe njengabakhongi, uZenze nomzala wakhe ababemmele. Wakhokhisa uBheki izinkulungwane zamarandi ayisithupha, ngaphezu kwezintathu ezazibolekelwe ukukhipha uZenze, waphinde wathumela uZenze ukuthi ayocela izinkulungwane ezimbili ngenxa yokuthi abakubo kaTholi bathi imali yelobolo yayinganele.
- uTholi wayenezindlela namaqhinga okuthola yonke into ayifunayo kuBheki, njengemali yokukhipha uZenze ejele, athembise ukuyibuyisa, azikahle kamhlophe ukuthi ngeke ayibuyise. Aphinde akwazi ukungachazeli uBheki ngokuthi uZenze lo uboshelweni.
- Eqala nqa ukumbona wayese efuna ukumenza umakoti. Wamshelela ukumshada ukuze afezekise iphupho likayise.

Mayelana nephupho likayise

- Ngelinye ilanga uBheki esekhaya waphupha ubaba wakhe exosha umakoti ogqoke izingubo ezimnyama ngomkhonto, inzilo ethi akaphume aphele emzini wakhe akamfuni. (pg 15)
- uTholi owaphupha ebanjwa yibhubesi hhayi uBheki. (pg 69)
- Waphinde waphupha uyise embuza ukuthi yini le elotsholwayo (pg 69). Wonke lamaphupho wayewaziba ngenxa yokuthanda uTholi.
- Waphinde wathola izingubo zakhe zishe zonke zaphela ewodilobhini, umama wakhe emxwayisa ngokuthi kungenzeka ulaka lwaba phansi/lukayise kodwa phinde ukuhlukana noTholi, wayeze aliphimise ukuthi uncamela ukufaka, akekho umuntu ozomhlukanisa noTholi.

Chaza ngezexwayiso zikaSifiso noma zikanina noma zikamalume.

USifiso

- Ngenxa yothando uBheki wayengasazimisele ngisho nokulalela izexwayiso zikaSifiso, ugcina esethatha isinqumo sokuthi ngeke esavulela uSifiso isifuba sakhe sonke.

- Ugcina esembona njengomngane onomona ngenxa yokumbuza imibuzo eminingi enjengokuthi uTholi ungumfelokazi yini, usebenzaphi, ubudlelwano phakathi kukaTholi noPamella. Okuyimibuzo eyayimcasula uBheki, imushiye nenhliziyo ebuhlungu nokungabaza. (pg 39)

Umama

- Umama kaBheki uxwayisa uBheki ngokuthi le ntombazane ingumfelokazi, abaphansi ngeke bakuvume lokhu bazofuna intombi. uBheki usemncane kumele ashade intombi hhayi untanga kanina. (pg 12, 42, 64)
- Uphinde amxwayise ngokuthi abantu bathi idayisa izidakamizwa futhi uyisidakwa. (69–70)
- Umama kaBheki waphinde wamtshela ukuthi uye kwababonayo bathi uTholi uzoguliswa ukudla izidakamizwa. (pg 72)
- Umama kaBheki wayesola ukuthi mhlawumbe uTholi umshaye ngomanda ngaphakathi, akamthandi uzifunela imali yakhe. (pg 69)
- Kwala ngisho unina esemazisa ukuthi yena uthanda uLindiwe kanti nephupho alisamhluphi kakhulu selokhu kwafika uLindiwe lapha ekhaya.
- Kuzo zonke lezi zigameko uBheki wayeshaya phansi ngonyawo. Ezimisele ukushadelwa nguTholi, kumnyama kubomvu.

Umalume

- Uma umalume epheka uBheki ngemibuzo njengokuthi uTholi usebenzaphi, baphi abakubo kaTholi, ufunde wagcina kuliphi ibanga esikoleni, usehlukanisile yini, uBheki wayehluleka ukunikeza izimpendulo ezigculisayo, eziveza ngokusobala ukuthi uyamazi uTholi lo azoshada naye. (pg 39–40/pg 45–46)
- Kwala nomalume esephosa ithawula, ethi akasayingeni yokuyolobolela uBheki. UBheki wancamela ukuqhubeka nabangane bamlobolele.

Uma esevakashelwe nguLindiwe

- Ngendlela uBheki wayethanda ngayo uTholi, uma uLindiwe efikile wayeqamba amanga athi usayothenga isiphuzo uzobuya ngokushesha kanti wakha isu lokuyozibonela uTholi.
- Waphinde wadlala noma wachithela uLindiwe isikhathi ngokuthi alale naye engamtsheli iqiniso lokuthi usenenye intombi ayithandayo futhi azoyigana.
- Kwala ngisho noma uLindiwe esebuya ekhulelwe kodwa lokhu akuwuguqulanga umqondo kaBheki wokuthi uzoshada noTholi.
- UTholi waphinde wafika ebusuku kubo kaBheki okokuqala ezolanda uBheki ngoba ebona engafikanga njengesethembiso. Egumbini likaBheki wathola uLindiwe, wamtshela ukuthi uzolanda uBheki. UBheki wakhetha ukuhamba noTholi noma wayazi kahle kamhlophe ukuthi lento ayenzayo ayilungile, yokushiya intombi ekhulelwe, ekuvakashele, uhambe nenye phambi kwayo.
- Lokhu kuyizinkomba zokuthi uBheki wayevaleke amehlo ngoTholi.

Ukuxabana kwakhe noBhatomu

- UTholi watshela uBheki ukuthi ungumfelokazi omelwe ukungenwa nguBhatomu ongumfowabo kamufi. Ubalekile ngoba akafuni ukushada noBhatomu.
- UBheki waqale waxwayiswa ngumngane wakhe uSifiso ngobungozi bukaBhatomu.

- Okokuqala ehlangana noBhatomu wayehamba noTholi. UTholi wacela uBheki ukuthi bazobuye babonane. Nangempela uBheki wavalelisa wabashiya ngisho noma inhliziyo yakhe yayibalisa.
- Okwesibili bahlangana emjondolo kaTholi balwa ngoba uBhatomu eshaye uTholi ngempama. Baphinde balwa ngenkathi uBhatomu emlinde emgwaqweni esho ukumqeda ngommese.
- Izithunzi zabantu abathathu zalandela uBheki ngenkathi eya ekhaya bamshaya ngeketango, balandela uBheki ngenkathi eya ekhaya bamshaya ngenketango, bamkheqa besho ukumbulala. Ngenhlanhla waphumelela ukubaleka.
- Ngenxa yothando, kukho konke lokhu uBheki wayesazimisele ukushada noTholi. Wayeze acabange nokusheshisa umshado hleze uBhatomu ahlukane nabo uma esezwa ukuthi sebeshadile. Wayeze acabange ngisho nokuthengela uBhatomu isibhamu, ukuze azozivikela. Ngamanye amazwi wayezimisele ngisho nokubulala ngenxa yothando.

Isithunzi sakhe emphakathini

- Abantu babekhuluma ngaye nothando lwakhe nomfelokazi uTholi bethi uTholi uyisigebengu, udayisa izidakamizwa.
- Ngisho nasemsebenzini abanye othisha basebehleba ngaye uBheki nezenzo zakhe zobuwula, zokushada umfelokazi oyisigebengu.
- Iningi labangane bakhe baqala ngokunqaba ngisho ukuya emshadweni wakhe ngenxa kaTholi.
- Nakuba konke lokhu kwakubuye kumkhathaze kodwa kwakungashintshi lutho ngenhloso yakhe yokushada uTholi.

Isiphetho

Umbono ngalo mlingiswa kanye nezenzo zakhe.

- Uma usubheka zonke lezi zenzo zikaBheki kusukela ephusheni likayise, mhlazane eqala ukubona uTholi, izenzo zakhe uma enoTholi, ukungalaleli kwakhe izexwayiso zikaSifiso, zikanina nomalume, ukuxabana noBhatomu kanye nokudlala ngoLindiwe okhulelwe, kusobala ukuthi uBheki wayegajwe wuthando lukaTholi. Kusobala ukuthi uthando lungakuvala amehlo, lukuqhathe nomndeni, abangane kanye nabanye abantu.
- Kubalulekile ukuqaphela uma usothandweni, ikakhulukazi uma uthando lusaqala, lulusha.
- Kubalulekile ukulalela abantu abakuthandayo ngoba basuke bezama ukusiza wena ngoba kunzima ukubona ezinye izinto uma usothandweni.

Isakhiwo

Ulimi nohlelo

Inani lamagama nokulibhala

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

UMBUZO 5

Khetha uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagama **ayi-150 ukuya kwangama-200**.

5.1 **Isakhiwo**

- Isihloko umhlangano wobani (½)
- Isikhathi (½)
- Usuku (½)
- Indawo (½)
- Ukuvula (½)
- Abakhona (½)
- Abaxolisile (½)
- Abangekho (½)
- Ukufundwa kwamaminithi omhlangano odlule (½)
- Okuvuka emaminithini (½)
- Ukwamukelwa kwamaminithi (½)
- Ezintsha (½)
- Okuxubile (½)
- Ukuvala (½)

Ingqikithi

Ukusetshenziswa kwezinkundla zokuxhumana kabi

- **Isibonelo:** uMnumz/uNkkz T. Ntombela wakhuluma ngokungasetshenziswa kwezinkundla zokuxhumama kahle, lapho omunye wabafundi wathumela umlayezo oshaqisayo komunye wabafundi wakwesinye isikole. Lowo mlayezo wasabalala izwe lonke.
- **Iziphakamiso:** ukuthi lo mfundi makajeziswe. Abanye bathi makaxoshwe esikoleni ngoba umosha igama lesikole. Abanye bathi makenziwe isibonelo ame kwi-*assembly* njalo ekuseni, ngaphambi kokuthi isikole siqale, ihora lonke, abanye bathi akabhale incwadi yokuxolisa ayihambise kuleso sikole nakulowo mfundi axolise umlomo ngomlomo.
- **Isinqumo:** Amalunga avumelana ngokuthi ukuxoshwa sekungaphezulu, kwazise iphutha lokuqala leli. Kwavunyelwana ngokuthi abhale incwadi axolise, ayihambise bese kukhulunywa nesikole kwi-*assembly* ngalobu bungozi.
- Abanye bangakhuluma ngokusetsheziswa kwezithombe kambi, kwesinye isikhathi ngaphandle kwemvume yalowo muntu.

Ukuhlukunyezwa kwabafundi abasha

- **Isibonelo:** uMnumz/uNkkz waveza ukuthi abafundi abasafika bayahlukunyezwa ngabafundi abadala, ngokubasabisa, ngokubashaya, ngokubathathela imali, njll.
- **Iziphakamiso:** uMnumz/uNkkz waphakamisa ukuthi abafundi abazotholakala benza lowo mkhuba kuzomele kwaziswe othisha kanye nothishomkhulu ngoba lolu hlobo lomkhuba luzokwakhela isikole igama elibi.

IEB Copyright © 2018

- **Isinqumo:** Amalunga avumelana ngo-elethu, asho nokusho ukuthi lokhu kuyaphuthuma kakhulu. Aqoka uSihlalo ukuthi emva komhlangano ahlele umhlangano nomphathisikole ukuze lolu daba lusukunyelwe ngokushesha, kungakonakali.

Ukuthathwa kwezidakamizwa

- **Isibonelo:** uMnumz/uNkkz wakhuluma kabanzi ngomkhuba wokuthathwa kwezidakamizwa ezihlukene ezinjengezikhulisamzimba, izikhuthazi ukuze isikole siphumelele emidlalweni yaso ikakhulukazi emaqenjini aphezulu. Waphinde waveza nokuthi ngezimpelasonto sekudume ukuthi abafundi abahlala esikoleni bavame ukweqa beyophuza utshwala, kuyasolakala nokuthi abanye babo bathatha namaphilisi ayingozi.
- **Izisombululo:** Kuzomele kuhlolwe igazi kulabo bafundi abadlala ezemidlalo. NgeMigqibelo kuzomele kubalwe amakhanda ngezikhathi ezihlukene ukuze abafundi abeqayo bazobanjwa. Kuzomele kuphindwe kupheqululwe ezindlini zabo ukuqinisekisa ukuthi azikho izidakamizwa.
- **Isinqumo:** Kwavunyelwana ngokuthi uma kutholakala ukuthi kukhona ozisebenzisayo izidakamizwa kungakhathalekile ukuthi ezaluphi uhlobo, kuzomele aphume kulelo qembu/kuzomele ayohlala ekhaya amasonto amabili ngoba lesi senzo asihambisani nemigomo yesikole.

Ukufunda ngamaholide

- **Isibonelo:** uMnumz/uNkkz watshela amalunga ukuthi lolu hlelo lokufunda ngamaholide lukamatikuletsheni oluqalwe yisikole, iningi labafundi abalufuni ngoba bethi luthatha isikhathi sabo sokuphumula, futhi luyabakhathaza ngoba babuyela esikoleni besakhathele.
- **Iziphakamiso:** Kwabakhona imibono ehlukahlukene mayelana nendlela amalunga ayebona ngakhona. Abanye babevumelana ngokuthi luyakhathaza, abanye babethi luyasiza ekulungiseleleni ikusasa labo ngoba bona banezifiso ezinkulu.
- **Isinqumo:** Kwavunyelwana ngokuthi uhlelo aluqhubeke, kodwa uma kukhona abafundi abangathandi ukuba yingxenye yalo, abazali babo ababhalele isikole izincwadi ukuze uma labo bafundi bengaphumeleli ekupheleni konyaka, kungasolwa isikolo.

Ulimi nohlelo: izimpawu zokubhala (1), amagama esiZulu sangempela (1), isaga noma isisho (1), ucezu/izingcezu zenkulumo (1).

Iphimbo noma irejista: Makubonakale ukuthi uyakhononda.

Amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½)

NOMA

IEB Copyright © 2018

5.2 Ekubhalweni kwencwadi yakomkhulu umfundi akaqaphele lokhu okuyizimpawu zokubhalwa kwencwadi yakomkhulu:

Isakhiwo
- Ikheli lobhalile (½)
- Liqondile (½)
- Usuku – inyanga ngesiZulu (½)
- Isikhundla salowo obhalelwayo (½)
- Ikheli lobhalelwayo (½)
- Isihloko (½)
- Isibingelelo (½)
- Isingeniso (½)
- Umzimba (½)
- Isiphetho (½)
- Yimina ozithobayo/okhathazekile (½)
- Ukusayina (½)
- U … (½) egameni
- Igama lobhalile (½)

Ingqikithi

Amasiko esikole
- Ukubingelela izivakashi nabantu abadala ngaso sonke isikhathi, ukungahambi otshanini ngenhloso yokubuvikela, ukugcina isikole sihlanzekile, ukuhlonipha othisha, njll.

Kudalwa yini ukuthi angasagcinwa lawa masiko
- Ukungahloniphi kwezingane, ukungaqondi/ukungaboni ukubaluleka kwalawo masiko, ukushintsha kwesikhathi nezinto, ukuhamba kothisha abadala bethatha umhlalaphansi, ukuthatha imithetho yesikole kancane okungaba nemithelela emimbi ngokuzayo.

Kubaluleke ngani ukugcinwa kwamasiko
- Umfundi angachaza ukubaluleka kwalawo masiko ngokubhekisa esikweni ngalinye akhethe ukukhuluma ngalo. **Isibonelo:** ukungahambi otshanini kusiza ngokuthi ababaningi abantu abahamba otshanini ngakho-ke utshani buhlale buluhlaza, bugcine isikole sibukeka, sithandwa yiningi. Kugcina izinkundla zemidlalo zisezingeni elihle futhi kube mnandi ukudlala khona.
- Umfundi angabheka nemithelela yokungawagcini amasiko. **Isibonelo:** ukubingelela kugcina izingane zihlonipha, ngisho noma seziphumile esikoleni. Ingane ehloniphayo iyathandeka ebantwini.

Izixazululo ezingasiza ekugcineni kwamasiko
- Lapha umfundi uzoveza phela ukuthi ufisani njengombono, njengesixazululo. **Isibonelo:**
- Izingane kumele zaziswe ukubaluleka kwamasiko ikakhulukazi uma izingane zisanda kufika esikoleni. Phela isiZulu sithi "lugotshwa lusemanzi".

IEB Copyright © 2018

- Izinduna zesikole maziqinisekise ukuthi yonke imithetho iyalandelwa. **Isibonelo:** makungabibikho ingane engahloniphi othisha kungakhathalekile ukuthi ifunda liphi ibanga. Uma itholakala kumele ijeziswe, uma ihluleka ukushitsha akubizwe abazali bayo, uma lokho kungasizi ayixoshwe ekugcineni ngoba alifuneki i-apula elilodwa elibolile ngoba lizobolisa namanye.
- Angasho nokuthi isikole sesineminyaka konke kuhamba kahle ngakho-ke lesi sizukulwane akumele sonele esizayo, siphinde sone nomsebenzi omuhle osuwenziwe iminyaka ngeminyaka.

Uma umfundi ekubhale konke okubalulekile kwagqama ukuthi **uyakhononda** uyowola wonke amamaki. Aqaphele ulimi ngoba yena ubhala njengomzali obhalela uthishomkhulu wesikole.

- **Ulimi nohlelo:** izimpawu zokulobhala (1), amagama esiZulu sangempela (1), isaga noma isisho (1), ucezu/izingcezu zenkulumo (1).

- Iphimbo noma irejista: Makubonakale ukuthi uyakhononda.

Amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½)

UMBUZO 6

6.1 Lapha kuzoya ngempendulo yomfundi kodwa okumele kucace yilokhu:

Ingqikithi

- Izizathu zokubhala leli khadi ukubonga ukuphumelela ngamalengiso ezifundweni zikamatikuletsheni, ukuzikhandla kukathisha, ewa evuka ukuze lo mfundi asizakale, ukumgqugquzela nokumupha ugqozi nethemba lokuthi naye lo mfundi angakwazi ukuphumelela.
- Umfundi angaze anikeze nezibonelo njengamazwi okugqugquzela ayekhulunywa ngulo thisha, usizo ayeluthola ngisho sekuphume isikole, usizo lokumtholela abanye othisha abazomfundisa kwezinye izifundo ezinikeza lo mfundi inkinga, ngisho nosizo lwemali imbala.
- Umfundi angaphinde abhale nezizathu ebezimenza ahluphe esikoleni njengokuthi washonelwa abazali, ukhuliswe ngumalumekazi, inhlupheko ngoba ebona abanye benezinto ezingcono, ukhule ubaba ehlukumeza umama ekhaya.
- Angaphinde aveze ukuthi ubengahloniphi ngoba abazali bakhe abakaze bamuphe uthando olunjengezinye izingane, ukhule ehlukunyezwa lokhu kwambangela ulaka, njll.
- Angasho nokuthi uthole imiphumela enjani, uyofundaphi, uyokwenzani, uthole umfundaze, njll.
- Angenza ngisho izethembiso thizeni njengokuthi nakanjani uma ethola ithuba uzovakashela lo thisha, angathembisa nokuthi uyomphathela ngisho nesipho asithandayo ukukhombisa ukuthi uyazibongela.

Isakhiwo: liya kubani (½); livela kubani (½); usuku (½); isihloko (½)

Ulimi nohlelo: izivumelwano (½); isipelingi (½)
Amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½)

NOMA

6.2 Lapha umfundi kudingeka alandele yonke imigomo yokubhalwa komlando:

Isakhiwo

- Isihloko esinamagama aphelele kamufi.

Ukuhleleka komlando

- Ukuvalelisa ekugcineni: Phumula ngoxolo Gatsheni. Ndlela-nhle Boyabenyathi. Sengathi umphefumulo wakho ungaphumula ngoxolo, njll.

Ingqikithi

- Usuku azalwa ngalo nashone ngalo.
- Amagama abazali bakhe.
- Indawo azalelwe kuyo.
- Indawo/Izindawo ake wahlala kuzo kanye nashone esehlala kuyo.
- Indawo/Izindawo afunda kuzo (uma zikhona).
- Amagalelo akhe emphakathini (izikhundla zakhe/imiklomelo, njll.).
- Indawo/izindawo ake wasebenza kuzo, imisebenzi abeyenza kanye naleyo ahambe eseyisebenza.
- Abantu asondelene nabo abashiyile, isib: abazali, ozakwabo, inkosikazi noma indoda yakhe nezingane zakhe.

Ulimi nohlelo: izivumelwano (½); isipelingi (½)
Amagama anele (½), ukubhala inani lamagama (½)

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2018